# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

48/2012 Intshumayelo ngesonto 18 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 07. 10. 2012

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**.

1. Iculo -/158

2. **Umkhuleko:** Nkosi yenkazimulo Jesu Kristu, siyabonga, ngokuba usambulele umthetho wenkululeko yakho, izwi lakho elinamandla okusindisa imiphefumulo yethu. Mawusisize ukuba sihlale njalo kuwo, samukele isinqumo somthetho wakho, sivume icala lethu, sidabuke, sikhale ngezono zethu, ekudabukeni kwethu sibuyele njalo esinqumeni somusa wakho, sihambe, siphile ngokwesinqumo sakho somusa, singakhethi ubuso bomuntu, sisebenzise ukulunga nomusa wakho ngokwentando yakho, nangokothando lwakho. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseRoma 14:17-19;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMarku 12:28-34.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 144/130

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Iphistola** ngohlelo lwesine lilotshiwe kuJakobe 2:1-13, lithi: "Bazalwane bami, ukukholwa kwenu yiNkosi yethu yenkazimulo uJesu Kristu makungabi-nokukhetha abantu. Ngokuba uma kungena esinagogeni lenu umuntu onendandatho yegolide nezingubo ezicwebezelayo, kungene nompofu onezingubo ezimbi, nimbheke ogqokile izingubo ezicwebezelayo, nithi: Hlala lapha wena kulendawo enhle, besenithi kompofu: Yima lapho wena, noma: Hlala phansi kwesenabelo sezinyawo zami, anikhethi yini, nibe-ngabahluleli abanezizindlo ezimbi na? Yizwani, bazalwane bami abathandekayo, uNkulunkulu akakhethanga yini abampofu ezweni babe-ngabacebileyo ekukholweni nezindlalifa zombuso awuthembisa bona abamthandayo na? Kepha nina namdumaza ompofu. Abacebileyo abanicindezeli yini, abanihuduleli emacaleni na? Abahlambalazi igama elihle enibizwa ngalo na? Kepha uma nigcina umthetho wobukhosi ngokombhalo wokuthi: Wothanda umakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena, nenza kahle; kodwa uma nikhetha abantu, nenza isono, nilahlwa ngumthetho njengabaweqayo. Ngokuba ogcina wonke umthetho kepha akhubeke kowodwa, unecala kuyo yonke. Ngokuba yena owathi: Ungaphingi, wathi futhi: Ungabulali; uma-ke ungaphingi kepha ubulale, ungoweqa umthetho. Khulumani kanjalo, nenze kanjalo njengokufanele abayakwahlulelwa ngomthetho wenkululeko. Ngokuba ukwahlulelwa okungenasihawu kuyakumehlela ongenzi isihawu; isihawu sizigabisa ekwahlulelweni." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, uMsindisi wethu uJesu Kristu uyiNkosi yenkazimulo. UPawulu wabhala wathi: "Ngokuba uma bebekwazi, babengayikuyibethela esiphambanweni iNkosi yenkazimulo," 1 Kor. 2:8. Sikholwa yiyo, ngokuba isambulele umthetho wenkululeko yayo, Jak. 2:12. Sibukisisile emthethweni opheleleyo wenkululeko, sihlala kuwo, Jak. 1:25. Lomthetho wenkululeko uyizwi elitshaliweyo kithi, linamandla okusindisa imiphefumulo yethu, Jak. 1:21. Ulizwi uNkulunkulu uYise wokukhanya asizala ngalo ngokuthanda kwakhe, ukuze sibe ngabokuqala bezidalwa zakhe, Jak. 1:18. Umthetho wenkululeko ulizwi iNkosi ekhuluma ngalo, ithi: "Uma nimi ezwini lami, ningabafundi bami isibili; niyakulazi iqiniso, neqiniso liyakunikhulula," Joh. 8:31-32. Ngakho lokhu siyalulekwa namuhla ukuba **sihlale njalo emthethweni wenkululeko yeNkosi yenkazimulo,** singaphambuki kuwo.

1. samukele isinqumo somthetho ngokudabuka;

2. sethembe isinqumo somusa ngenhliziyo yonke;

3. sisebenzise isinqumo somusa ngokwentando kaNkulunkulu, nangokothando lweNkosi yenkazimulo.

1. Ake sihlale njalo emthethweni wenkululeko yeNkosi yenkazimulo, **samukele isinqumo somthetho wayo ngokudabuka.** Ngephistola lanamuhla siyatshelwa ngokukhanya okukhulu ukuthi uma umuntu engeqa umyalelo weNkosi noma muphi ungoweqayo wonke umthetho kaNkulunkulu, kuthiwa: "Ngokuba ogcina wonke umthetho kepha akhubeke kowodwa, unecala kuyo yonke." Kuyakhulunywa ngomyalelo wesithupha, nangowesihlanu, kuthiwa: "Ngokuba yena owathi: Ungaphingi, wathi futhi: Ungabulali; uma-ke ungaphingi kepha ubulale, ungoweqa umthetho." Izwi lanamuhla alikhulumi ngezono lezo ezibonakalayo phambi kwamehlo kuphela, kodwa kakhulu lithinta nomyalelo obiza kithina sonke ukuba sithande omakhelwane bethu, njengalokhu sizithanda thina. Lomyalelo wambula isono sokukhetha ubuso bomuntu. Ngakho lokhu kukhulunywa ngokusobala ukuthi kwenzekani ebandleni likaKristu ngokukhetha ubuso babantu ngokweminotho, noma ngokobumpofu babantu. UJakobe uyakhombisa ngokwempela ukuthi uNkulunkulu uyalahla isono sokudumaza noma ubani, noma ngokwesilinganiso seminotho, noma ngokwesikhumba somuntu, noma ngokwesilinganiso esinjani. Kungukuba umahluleli onezizindlo ezimbi. Kungukuphambana nentando kaNkulunkulu. Asinakuhlanganisa ukukholwa kwethu yiNkosi yethu yenkazimulo uJesu Kristu nokukhetha ubuso babantu. Izwi liyafakaza ukuthi kaningi thina sizama ukuhlonipha labo abadelelayo amakholwa ngendlela embi, abenzela amakholwa okubi okuningi. Izwi liyafakaza ukuthi uNkulunkulu ukhethile labo abamethembayo, kakhulu abampofu abazinikelayo kuye. Impela uNkulunkulu wambule intando yakhe, wathi: "UNkulunkulu akabheki ubuso bamuntu, kodwa ezizweni zonke omesabayo nowenza ukulunga uyamukeleka kuye," izE. 10:34-35. Yikho okwenza ukuba siziqonde, sivume isono necala lethu, samukele isinqumo somthetho kaNkulunkulu ngokudabuka, sithi: Sonile ngokukhetha ubuso bomuntu, ngokudumaza abampofu, noma abantu bezizwe ezinye, ngokungathandi omakhelwane bethu ngokwesilinganiso sikaNkulunkulu, yebo, nangokweqa imiyalelo eminye ngemicabango yethu, nangamazwi ethu, nangezenzo zethu. Kodwa kulokhu kuvuma, nokudabuka kwethu kokuzikhalela izono namacala ethu, asilahli ithemba, kodwa siyezwa nokwesibili

okufundiswayo namuhla, okuthi:

2. sihlale njalo emthethweni wenkululeko yeNkosi yenkazimulo, **sethembe isinqumo somusa ngenhliziyo yonke,** sisebenzise izwi likaNkulunkulu elinamandla okusindisa imiphefumulo yethu, sikhumbule njalo ukuthi uNkulunkulu uYise wokukhanya usizele ngokusha ngokwentando yakhe ngezwi leqiniso ukuba sibe ngabokuqala bezidalwa zakhe. Ngithi: Lelizwi leqiniso linokuhlanganiswa namanzi ayethelwa ekhanda lethu egameni likaYise neNdodana noMoya oNgcwele embhapathizweni wethu. Khona wasingcwelisa, wasihlambulula ngesigezo samanzi ngezwi. Kulizwi elisithethelela izono zethu zonke ngenxa kaKristu. Kulizwi eliyisimemo, liyasimema ukuba sisondele esibikweni ukuvuma izono zethu, nokuzwa izwi elisikhululayo ezonweni zonke, liyasimema ukuba sisondele esidlweni somzimba kaKristu, negazi lakhe ukuba sithethelelwe izono, sikhumbule esikwenzelwe nguKristu, mhla esifela esiphambanweni, evuka kwabafileyo ngokusuku lwesithathu ukusilungisela intethelelo nokuphila okuphakade. Ngalendlela umusa kaNkulunkulu uyanqoba umthetho osimangalelayo ngenxa yezono zethu. Masingabi abalizwayo lomthetho wenkululeko kuphela ngezindlebe zethu, ngisho lenkululeko esiyilungiselwe nguKristu, kodwa sihlale sisethembe lesinqumo somusa kaNkulunkulu ngenhliziyo yonke,

3. **bese sisebenzisa lesinqumo somusa ngokwentando kaNkulunkulu, nangokothando lweNkosi yenkazimulo,** bese sikhumbula ngesikhathi sonke ukuthi siphathwe ngomusa nguNkulunkulu, nathi siphathelane ngomusa, sikhumbule njalo ukuthi sithethelelwe nguNkulunkulu ngenxa kaKristu, bese sithethelelana nabanye, sikhumbule njalo ukuthi siyahlonishwa nguNkulunkulu, bese sihloniphana nabanye, noma ubani, sikhumbule njalo ukuthi samukelwa nguNkulunkulu ngomusa, bese nathi samukelana ngomusa, sikhumbule ukuthi senzelwe nguNkulunkulu okukhulu ngothando olukhulu, bese nathi sikhonzana ngothando olufanele abantwana bakaNkulunkulu. Sikhulume njalo, senze futhi kanjalo njengokufanele abahlulelwe ngomthetho wenkululeko, sibe abakhumbulayo njalo ngesikhathi sonke ukuthi nangosuku lokugcina sithanda ukwahlulelwa ngomthetho wenkululeko kaNkulunkulu. Ngalolusuku asithandi ukulahlwa nguNkulunkulu. Ngakho lokhu ake sicabange ngalezoziluleko, sikhumbule njalo, siqonde ukuthi lezoziluleko siyasiqhuba ukubona nokuqonda lapho kwenzeka khona ukuba sisize abanye, lapho kwenzeka khona ukuba nathi sisebenzise isinqumo somusa kaNkulunkulu ngokwentando yakhe, nangokothando lweNkosi yenkazimulo. Baningi kangakanani abaswelayo! Baningi kangakanani abaswelayo usizo lwethu! Noma wena awubaboni? Udlula kubo kuphela, na? Uyathanda ukubuzwa ngosuku lokugcina njengalabaya ababengazi abangabe besizile abanye ngakho, na? Kungcono amehlo akho avuleke ukuba ubone abaningi abasosizini olukhulu, abaswela ukusizwa nguwe! Kungcono ukuba nezindlebe zakho zivuleke ukuba uzwe ukukhala kwabo ababedunyazwa nguwe, uze ucele intethelelo, bese ubakhonza ngokwentando kaNkulunkulu, ngokothando lweNkosi, kakhulu ngokubatshela nabo, ubaxoxele ngomthetho wenkululeko yeNkosi esihlengile sonke.

Ake sihlale njalo emthethweni wenkululeko yeNkosi yenkazimulo, singaphambuki kuwo, samukele isinqumo somthetho ngokudabuka, sethembe isinqumo somusa ngenhliziyo yonke, sisebenzise isinqumo somusa ngokwentando kaNkulunkulu, nangokothando kweNkosi yenkazimulo. Ngokwempela kungukufundiswa okuhle! Amen.

**9. Umkhuleko:** Nkosi wenkazimulo, siyabonga umthetho wakho wenkululeko. Mawusihlenge, usikhulule njalo, uvule amehlo ethu ukuba sibone usizi lwabo bonke abanosizi, uvule izindlebe zethu ukuba sizwe ukukhala kwabo bonke abaswela usizo lwethu. Isimemezelo senkululeko yakho

mayezwakale emazweni onke, nasezizweni zonke. Nkosi Jesu Kristu, mawusizwe ngenxa yothando lwakho, nangenxa yomusa wakho. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 246/163

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1994/2006 ngu-E. A. W. Weber.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.